

## Okuyizidingo zoMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo kubaHambi

INingizimu Afrika isanda kwenza izinguquko ezithile endleleni okungeniswa ngayo abahambi. Enye yezinguquko ezinkulu ukwethulwa kweKhadi loMhambi (eliphinde libizwe ngefomu i-TC-01), okuzodinga ukuba labo abafikayo eNingizimu Afrika abanezinto ezidinga ukudalulwa eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo baligcwalise. Ukuze ubone ukuthi inqubo injani nokuthi yikuphi okuyizidingo emingceleni yezwe, [cofa lapha](#) bese kuthi uma ufuna mayelana nasezikhumulweni zezindiza kanye nasemachwebeni, [ucofe lapha](#).

Uma ufisa ukuthola eminye imininingwane ngenqubo yokufika kanye nezinto ezahlukene ezivumelekile, cofa lapha ukuze ufunde isiQondiso soMhambi.

## Umgudu oBovu noma oluHlaza satshani? (umgudu wokungavumelekile noma wokuvumelekile)?

Emva kokuba ufikile eNingizimu Afrika, kumele ugqwalise iKhadi loMhambi. Emva kokubika ehovisi lokuFuduka, landa izimpahla zakho bese uqhubekela emgudwini wokuhlola okuvumelekile nokungavumelekile eMnyangweni wentela yempahla engenayo nephumayo (noma edesikini loMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo uma ungekho umgudu wokuhlola okungavumelekile noma okuvumelekile).

### Kumele kulandelwe le migudu elandelayo yoMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo, kuzoya ngokuthi sithini isimo sakho:

Uma kungukuthi uphethe izimpahla ezingavunyelwe/ezithitshelwa umthetho kanye/noma nezimpahla ezingekho ngaphansi kwalokhu ovunyelwe ukungayikhokhi intela ngakho, noma uma ungaqinisekile ukuthi izimpahla oziphethe zingena ngaphansi kwalezi zinhlobo, sicela udlulele eMgudwini wokuNgavumelekile (obomvu).

Uma unezimpahla/imali okumele ukudalule, iKhadi lakho loMhambi kanye nepasi lokuhamba kukopishelwa kukhompuyutha bese wenza isimemezelo ngomlomo wakho, okube sekufakwa ohlelweni lwekhompuyutha. Umsebenzi woMnyango weNtela yempahla engenayo nephumayo/umhambi kumele agqwalise iKhadi loMhambi (TC-01). Lolu lwazi lusetshenziswa efomini loMhambi lokuDalula (TRD1). I-TRD1 izophinde isetshenziswe njengeMvume yesiKhashana yokuNgenisa impahla ezweni (TIP) kanye neMvume yesiKhashana yokuKhipha impahla ezweni (TXP). Ngolwazi olwengeziwe, ungabheka inqubomgomo yangaphandle mayelana neMali eyevile i-[Excess Currency external policy](#)

Uma umhambi anelisekile ngolwazi oluku-TRD1, ube esecelwa ukuba asayinde kukhompuyutha bese ukucikica kwabo kungena ohlelweni lwekhompuyutha. I-TRD1 esayindiwe ibe isigaywa bese inikwa umhambi.

Uma izimpahla oziphethe zingena ngaphansi kwezivunyelwe ukuba zingayikhokhi intela, ungenazo izimpahla ezingavunyelwe noma ezithitshelwa umthetho oziphethe, futhi ungaphethe izimpahla ozozidayisa (ezingeniswe ezweni ngenhloso yokuhweba) futhi kungekho zipho oziphethe, noma okuphathele abanye abantu, sicela udlulele eMgudwini wokuvumelekile (umgudu oluhlaza satshani), ngaphandle uma umSebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ekuyalele ukuthi wenze ngenye indlela.

Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo angase akumise, akuphonse imibuzo noma akuseshe noma ingasiphi isikhathi emgudwini wokungavumelekile noma wokuvumelekile.

## Izimpahla ezingavunyelwe

Ukungena nalezi zimpahla ezilandelayo eNingizimu Afrika akuvumelekile nhlobo:

- Izidakamizwa ezilalisayo kanye nezidakamizwa ezishintsha indlela yokuziphatha noma ngabe ziluhlobo luni
- izikhali ezizenzelayo, ezempi kanye nezingafakiwe izinombolo
- Iziqhumane kanye nokukhipha umlilo
- Izinto ezinoshevu kanye nezinobuthi
- Ugwayi onesisindo engaphezulu kuka-2kg ngogwayi abayi-1000
- Izimpahla ezinencazelo yokuhweba noma uphawu olusetshenziswe ngendlela ephula namuphi umthetho isibonelo, izimpahla ezizizimpahla mbumbulu)
- Ukukhiqizwa okungemthetho kwemisebenzi enamalungelo lokubhala noma lokushicilela
- Izimpahla ezenziwe ejele

## Izimpahla ezithitshelwe umthetho

Izimpahla ezithile zingangeniswa ezweni uma unegunya/imvume efanele. Nazi izibonelo:

- Izibhamu / izikhali
- Izinhlamvu zegolide
- Imali eyevile/eningi (ukheshi, imali engamaphepha njll.)
- Izimbiwa ezingacolisisiwe [ezingalungisiwe] (ezifana namagolide, amadayimane, njll.)
- Izilwane, izitshalo kanye nemikhiqizo yakho (isib. izikhumba zezilwane, imikhiqizo yobisi, uju)
- Imithi (ngaphandle kwezilinganiso ezilingene izinyanga ezintathu zokuzelapha wena ezihabisa nencwadi noma incwadi kadokotela obhalisiwe eyalela ngayo egxiviziwe)
- Imikhiqizo yamakhambi (kufuneka imvume evela eMnyangweni wezeMpilo)

## Okuvunyelwe okungatheliswa/okungakhokhi ntela

Izimpahla ezingena ngaphansi kokuvunyelwe zingangeniswa ngaphandle kokukhokha intela ne-VAT njengezimpahla ezinomnikazi:

- Ugwayi womuntu ngamunye ungadluli kwengama-200 kanye nezigazu ezingama-20
- Ugwayi womuntu ngamunye noma ugwayi wenqawe ungadluli ku-250g
- Iziquholo zomuntu ngamunye zingadluli esilinganisweni esingu-50ml kuthi lesi siquholo esaziwa nge-eau de toilette singadluli esilinganisweni esingu-250ml
- Iwayini lomuntu ngamunye lingadluli emalitheni amabili
- iziphuzo ezinotshwala zomuntu ngamunye zingadluli elitheni eyodwa

Phezu kwezimpahla zomuntu kanye nalezi zinto ezibalulwe ngenhla ezivumelekile, abahambi bavumelekile ukuphatha izimpahla ezintsha noma ezisebenzile ezikhwameni zabo zibe inani elingu-R5 000.

Umhambi ngamunye unelungelo lalokhu okuvumelekile kanye kuphela ezinsukwini ezingama-30 emva kokungabikho eNingizimu Afrika amahora angama-48.

Imvume kagwayi notshwala ayisebenzi kwabangaphansi kweminyaka engu-18 yobudala. Abasebenzi abanalo ilungelo lokuvumelekile okuthengisekayo.

## Ngingakwazi ukuphatha umuthi ngaphansi kokuvumelekile okungatheliswa?

Abahambi bangangenisa ezweni imithi yabo inqobo nje uma ingeke isetshenziswe isikhathi esingaphezulu kwezinyanga ezintathu (3). Lokhu kumele kuhambisane nencwadi yokuthola imithi ekhishwe ngudokotela.

## Izinto ezenziwe ngesandla ezenzelwe ukudayiswa

Abahambi abasuka e-SACU noma amalungu ombuso we-Southern African Development Community (SADC) bavumelekile ukuletha eNingizimu Afrika izinto ezenziwe ngesandla ezenziwe ngesikhumba, ukhuni, ucwazi, noma igilasi uma izimpahla zingevile esisindweni esingama-25kg sezisonke, ngaphandle kokukhokha intela yezimpahla nokutheliswa.

## Ukuhlolwa kweNani elingaguquki

Ngaphezu kokuvunyelwe okungatheliswa, ungakhetha ukukhokha intela yempahla engenayo nephumayo ngenani elingaguquki elingu-20% wezimpahla ozithole uphesheya noma nakusiphi isitolo esingatheliswa. Isamba senani lalezi zimpahla ezenzeziwe ezintsha noma ezisebenzile, akumele lidlule ku-R20 000 kumuntu ngamunye noma ku-R2000 kulabo abangabasebenzi. Izimpahla ezinesilinganisonani esingaguquququki nazo aziyikhokheli i-VAT.

Uma kwenzeka inani lezimpahla ezenzeziwe lidlula ku-R20 000 noma uma unquma ukungakusebenzisi lokhu, ukuhlolwa kwesilinganisonani esingaguquququki kuyaphela bese kudingeka ukuthi kuhlolwe isilinganisonani sentela eqoqwayo ne-VAT okufanele bese kukhokhelwa impahla ngayinye. Khumbula ukuthi kwesinye isikhathi izimpahla kungadingeka zikhokhelwe amanani entela yempahla engenayo nephumayo engaphezulu kuka-20%; ezinye zingaba namanani aphantsi, kanti ezinye zingase zingatheliswa nhlobo. Phezu kwalokho, intela yentengo engu-15% izokhokhelwa izimpahla ezihlolwe umthelisi wempahla.

Kodwa-ke, kumele kuqashelwe ukuthi ukusebenza kwalokhu kuhlinzekelwa kuncike enanini eliphelele lezimpahla ezidaluliwe ngaphansi kwempahla eyephulelwe engekho ngaphezu kuka-R25 000. Ngamanye amagama, kuzo zonke izinto ezithengiswayo, okuvunyelwe okungatheliswa kuka-R5000 kanye nezimpahla okumele zihlolwe kusilinganisonani esingaguququkuki kumele kube yinani elingadluli ku-R25 000.

Okuvumelekile esilinganisweninani elingaguququkuki kuzogunyazwa izikhathi eziningi ezinsukwini ezingama-30 emva kokungabi khona kuleli amahora angama-48 noma ngaphezulu inqobo uma izimpahla zingadluli ku-R20 000.

## Imali

Imali engena noma ethathwa eNingizimu Afrika iqashwe umthetho. Uma kwenzeka unemali yaseNingizimu Afrika edlula ku-R25 000 noma imali yamazwe angaphandle, kumele ukudalule lokhu.

## Inkokhelo

Intela ekhokhwa eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo kanye nentela kukhokhwa ngemali yaseNingizimu Afrika, i-Rand. Inkokhelo ingaba ukheshi, ungakhokha ngekhadhi lesikweletu noma ngesheke lomhambi.

Uma unemibuzo noma ulingabaza inani olikhokhile noma okumele ulikhokhe, noma ngezinye izindaba ngokusebenzisana kwakho nomsebenzi waseMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo, kumele udaba uludlulisele kumsebenzi waseMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ophethe. Isiliphu osithole eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo kumele usinike umsebenzi okunguye osebenza ngodaba lwakho.

## Izimpahla ezingeniswa ezweni okwesikhashana

Sicela uqaphele ukuthi kungase kudingeke ukuthi ufake idiphozithi engukheshi ukukhokhela intela engabizwa ezintweni ezibizayo uma kungukuthi uziletha okwesikhashana. Imali leyo yediphozithi uzobuyiselwa yona uma usubuyela emuva emva kokuba umsebenzi waseMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo esezihlole yena ngokwakhe izimpahla waphinda waqinisekisa ukuthi izimpahla zithelekiswa okwesibili. Izivakashi kumele zazise umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo uma idiphozithi yafakwa okungenani ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuthi zihambe ukuze uqinisekise ukuthi imali okumele ubuyiselwe yona ilungile/ikhona. Inombolo yasehlovisi uzoyithola kumadokhumenti ozowanikezwa uma ukhokha idiphozithi. Uma uhambela kwelinye ichweba okungelona leli owakhokha kulo idiphozithi, umbiko wokuhlola oqinisekisa ukuthelekiswa kwesibili kwezimpahla uzothunyelwa ehlovisi lapho owakhokha khona idiphozithi bese uposelwa isheke elizoya ekhelini ozolihlinzeka wena.

## Abezindaba/abadlali

Uma uyintatheli noma uwumdlali kukhona izimpahla oza nazo kuleli, ezifana nezinto zokuthwebula izithombe noma izinto zokudlala, kumele uzidalule lezo zinto emgudwini wokuvumelekile eMnyangweni eNtela yeMpahla engenayo nephumayo uma ufika eNingizimu Afrika.

Kodwa-ke, uma izimpahla zingezi nawe kodwa zithunyelwa ezweni ngesinye isikhathi (izimpahla ezingenamphelezeli), kusho ukuthi kumele zingene ngaphansi kweMpahla eneSaphulelo 480.15 noma ngohlelo kwe-ATA Carnet. [Funda isiQondiso soMkhumbi othwala impahla](#) ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa.

## Abahleli bezingqungquthela

Uma uletha izimpahla ezweni ikakhulu uma uzilethela ingqingquthela, izinto ezifana namabhukwana, izincwajana, amafulegi, njll., kudingeka ukuthi wenze lokhu okulandelayo:

- Uma lezi zimpahla zihamba nawe, kumele ulandele inqubo ejwayelekile yabahambi abajwayelekile.
- Uma izimpahla zingezi nawe kodwa zithunyelwa ezweni ngesinye isikhathi (izimpahla ezingenamphelezeli), kumele uzidalule [ngefomu i-DA 306](#). Lawa mafomu kumele uwagcwalise ngaphambi kokungena ezweni bese uwayisa ehlovisi eliseduze nawe loMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo uma ufika eNingizimu Afrika. Lena inqubo eyenziwe lula yokudlulisa izimpahla ezingezona ezentengiselwano okungukuthi ezingezona ezingeniswe ezweni ngenhloso yokuhweba.